Bakuphi Abafileyo? (Ingxenye 2)

Sisekelwe esahlukweni 6 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala engosini ethi jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola lokho okufundiswa iBhayibheli futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.

INGABE KUYINTANDO KANKULUNKULU UKUBA ABANTU BAFE?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Kungani abanye bengathi yebo?

Kungani abanye bengathi cha?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Ukufa kwakungeyona into abantu ababengenakuyigwema.

(Bheka isahluko 6 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 9-14.)

Funda uGenesise 2:16, 17.

Ngokwala mavesi, isiphi okwakuwukuphela kwesizathu esasingabangela u-Adamu ukuba afe?

Ukube u-Adamu walalela uNkulunkulu, ingabe uyaphila namuhla?

Njengoba udokotela okhathalelayo ezixwayisa iziguli zakhe ngezinto ezingazilimaza, kanjalo noJehova wabaxwayisa o-Adamu no-Eva ngokuziphatha okwakungabalimaza

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

UMdali wethu onothando ufuna izinceku zakhe ziphile.

(Bheka isahluko 6 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 15-20.)

Funda eyoku-1 Johane 4:8.

Iyiphi imfanelo kaJehova evelele?

Funda izEnzo 24:15; IsAmbulo 4:11.

Le miBhalo yembulani ngoJehova?

Ukwazi iqiniso ngokuthi kungani sifa kuwuthinta kanjani umbono wakho ngoJehova uNkulunkulu?

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

UNkulunkulu wasibeka emhlabeni ukuze asivivinye ngaphambi kokuba siye ezulwini.

UNGASE UPHENDULE . . .

Abantu abaningi bangase bavumelane nalokho okushoyo. Kodwa engikukholelwayo kuhlukile ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Wonke umuntu uyafa; ukufa kuyingxenye engokwemvelo yokuphila.

UNGASE UPHENDULE . . .

Kuyiqiniso ukuthi okwamanje wonke umuntu uyafa. Kodwa angikholelwa ukuthi ukufa kwakuyingxenye yentando kaNkulunkulu ngesintu ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania